

UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG
UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

OCTOBER / NOVEMBER 2005
OKTOBER / NOVEMBER 2005

ISIZULU ULIMI LWEBELE
IZINGA ELIPHEZULU
(Iphepha Lesithathu)

ISIKHATHI: 2½ Amahora

IMIKLOMELo: 120

ISIGABA A

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale indaba kugcwale amakhasi AMABILI mikithi.

1.1 **IMALI !! IMALI !! FAK'IMALI UZOBONA**

Iningi labantu abasebasha babonakala bekhetha imisebenzi ngezizathu zokuthi yimuphi onemali eningi abangayihola. KUNGABE LOKHU KUYIQINISO NA? Yikuphi ngempela ngempela umuntu afanele akubheke uma efuna umsebenzi?

[40]

NOMA

1.2 Funda amagama aleli culo:

Lithi lakushon'ilanga
Lingikhumbuza wena
Ngingazi laph'ukhona s'thandwa
Ngithi uma ngicabanga wena
Ngifikelwe izinsizi
Ngoba s'thandwa ngiyakuthanda
Hlala nami sonke isikhathi.....

UMQOPH: Margaret Mcingana

La magama athembisa uthando olujulile nolungapheli.

Bhala-ke indaba lapho uxoxa ngothando olungapheli nolungazenzisi:
Yipha indaba yakho lesi sihloko
UTHANDO LWEQINISO

[40]

NOMA

1.3

SISE SIQHINGINI
WE MADODA
SISE SIQHINGINI

Phela iningi labantu ababingelelani ngenxa yokuthi bayesabana. Bayesabana ngoba abazani. Cishe futhi abafuni nokwazana. Le nto yenzeka yonke indawo ngisho nasemisebenzini uqobo. Abantu abazani ngenxa yokuthi abaxhumani ngokufanele phakathi kwabo. AKE UPHENDULE KULOKHU OKUNGENHLA: YIPHE ISIHLOKO INDABA YAKHO.

1.4

UMA NGINGAWINA U-R100 000
NGINGAKHULULEKA UKWENZA
EBEKUDALA NGIFISA UKUKWENZA

Ngingandiza ngebhanoyi Ngingalungisa umuzi wami noma wakithi....Ngingachitha isikhathi esiningi ogwini lolwandle...Ngingongela imfundo yengane yami...Ngingazithengela izingubo zikanokusho ngize ngidele.

Kuliqiniso ukuthi sihlala siphupha futhi sifisa ukuwina umqhudelwano othile ongasipha imali eningi. Ake nje ucabange uwine u-R100 000. Awubhale indaba ukuthi uzoyisebenzisa kanjani lemali.

1.5

Bhala indaba egcina ngala mazwi “..... impela baqinisile uma bethi isalakutshelwa sibona ngomopho.”

[40]

IMIKLOMELO YESIGABA A:

[40]

ISIGABA B

UMBUZO 2

Khetha incwadi EYODWA kulezi ezilandelayo:

BATHANDE NGOKWANELE ABANTWANA
KHULUMA NABO NGEZOCANSI
LOMY ALE ZO UVELA KUMNYANGO WEZE MPILO

2.1

Uthe uma uqoqa ekameleni lendodana / lendodakazi yakho efunda umatikuletsheni ebhodingi wanqwamana nenqwaba yamajazi omkhwenyana. Manje usudliwa unembeza okuncisha ubuthongo.....MBHALELE.

[40]

NOMA

2.2

**UZOYITHOLA KANJANI
UHLELI EKHONENI**
DEPARTMENT OF TRADE AND INDUSTRY

Umnyango wezohwebo nezimboni umema intsha ukuthi yenze izicelo zokusungula amabhizinisi amancane. Ake ubhalele uMqondisi jikelele walo myango ubuze imidanti yalesi simemo.

[20]

UMBUZO 3

Khetha isihloko esisodwa kulezi ezilandelayo, bhala ngaso ugqwalise ikhasi elilodwa:

- 3.1 Ubukade ungomunye wabantu obekade ebambe ulayini omude emahhovisi kaHulumeni. Wonke umuntu ubekhononda ngalolu hlobo lukalayini. Abantu ababili ebekade besemuva kwakho ubezwe bexoxa bekhononda mayelana ngokungasheshi kokuhlinzeka kwemisebenzi kaHulumeni. **BHALA PHANSI INKULUMO-MPENDULWANO YABO.**

[20]

NOMA

- 3.2 Bhalela umhleli wephaphandaba elithile IMEMORANDAMU, uzwakalise ukunganeliseki kwakho ngokuchitha isikhathi eside uma nje uke wavakashela amahhovisi kaHulumeni. Uphinde futhi unike izincomo ezithile mayelana nokufanele kwenzeke emahhovisi kaHulumeni.

[20]

NOMA

- 3.3 Njengokaputeni weqembu lebhola lezinyawo noma lomnqakiswa, uceliwe ukuthi uphe izwi lokubonga esidlweni sokuvalelisa iqembu njengoba liphumelele ukuyodlala imidlalo yamanqamu phesheya.. **BHALA-KE INKULUMO YAKHO.**

[20]

UMBUZO 4

Khetha isihloko esisodwa kulezi ezilandelayo ubhale ugqwalise ikhasi elilodwa:

- 4.1 Usanda kukhushulelwa esikhundleni sokuphatha umkhakha wezomkhiqizo (Production) embonini ekhiqiza izinhlobo zeziphuzo. Uceliwe-ke ukuthi usungule ISIKHANGISI sesiphuzo esisha esizoqala ukudayisa ngenyanga ezayo ezimakethe. Sibhale.

[10]

NOMA

- 4.2 Njengonobhala wekomidi elimele abasebenzi embonini ethile, uceliwe ukuthi ubhale izimemo ziye kumalungu onke ekomidi uwazise ngomhlangano ozobanjwa mayelana nezinkinga ezikhungethe ukukhushulwa kwamaholo. Thumela i-FEKSI kuwo wonke amalungu omhlangano.

[10]

IMIKLOMELO YESIGABA B:

[50]

ISIGABA C

Phendula umbuzo owodwa kuphela kulesi sigaba.

UMBUZO 5

UBUCIKO BOMLOMO

INKOSI INKOSI NGABANTU – C.T. MSIMANG

- 5.1 5.1.1 Buyini ubuciko bomlomo? (2)
- 5.1.2 Ngabe izaga zibaluleke ngani? Nikeza okune. (4)
- 5.1.3 Ngabe umlolozelo usetshenziselwani? (2)
- 5.1.4 Ziyini izibongo? (2)
- 5.1.5 Shono ukuthi ngenjani inganekwane engumzekeliso. (3)
- 5.1.6 Mahluko muni okhona phakathi kwesisho nesaga? (6)
- 5.1.7 Nikeza imisebenzi emibili yezinkondlo. (2)
- 5.1.8 Shono ukuthi nhloboni yeziphicaphicwano lezi, bese uqagela nezimpendulo zazo.
- (a) Ngikuphica ngamadoda amabili. La madoda ayesabana ahlale ecingana njalo kodwa awaficani. (2)
- (b) Ngikuphica ngenkatha yezwe. (2)
- (c) Ngikuphica ngesalukazi sami esithi singabona abantu bese sikhihliza amagwebu ngenxa yokujabula. (2)
- 5.1.9 Yini isithakazelo? (1)
- 5.1.10 Nikeza izilandelo ezimbili ezitholakala kule ncwadi. (2)
- [30]**

NOMA

5.2 Hluza le nganekwane ethi "INJA NEKATI" ngaphansi kwalezi zihlokwana:

- (i) Isakhiwo (12)
- (ii) Abalingiswa (8)
- (iii) Isifundo (10)
- [30]**

NOMA

UMBUZO 6

IZINDABA EZIMFUSHANE NAMA-ESEYI

UMLABALABA – O.E.H. M NXUMALO

6.1 Funda lezi ziqeshana ezimbili bese uphendula imibuzo ezolandela:

Isiqeshana: A

Ziqatheke izinyembezi. Ngisukume ngiqonde etafuleni. Ngelule isandla ngiwucishe umsakazo. Ngizesule ngomkhono weyembe izinyembezi. Kangisenandaba noma angazibona uNomkhosi. Uma ebuza ukuthi ngikhalelani, ngeke ngingabaze ukumtshela iqiniso. Kufuze ukuthi usezibonele kodwa naye ukuthi sekufike esiphethweni.

- 6.1.1 Sithini isihloko sale ndaba emfushane? (1)
- 6.1.2 Chaza kafushane into ekhalisa umlingiswa lo aze avale nomsakazo. (2)
- 6.1.3 Empeleni ngubani lo mlingiswa okhalayo? (1)
- 6.1.4 Shono into eyenza uNomkhosi ukuba adinde isililo. (2)
- 6.1.5 Le ndaba iphetheke ngendlela ebesingayilindele. Uyavuma? Ifakazele impendulo yakho. (5)
- 6.1.6 Ngubani owabamba ucingo ngenkathi uNdumiso eshaya? Wabe ekuphi uThembisile yena? (2)
- 6.1.7 Sinyathelo sini esathathwa uNdumiso emva kokushaya ucingo? (2)

[15]

Isiqeshana B

Ubungani siyabuthanda. Futhi baningi kithi ababazisayo kodwa kababaningi abacabangayo ukuthi buke buphele. Bukhona futhi ubungani obugugayo. Engani bukhona ubungani obugcina abaninibo sebebizwa ngokuthi yinkukhu nempaka kwakukade kuthiwa ngamathe nolimi. Abaningi bayazibuza ukuthi engabe kusuke sekwenzenjani uma ubungani sebushintsha bubheka lapho buqhamuka ngakhona.

- 6.1.8 Shono izinto ezintathu ezenza abantu baxove ubungani. (3)
- 6.1.9 Mahluko muni okhona phakathi kwabantu abayinkukhu nempaka "nabantu abangamathe nolimi"? (2)

| | | |
|--------|---|--------------|
| 6.1.10 | Umlobi ufanisa ubungani nengane: yiziphi izinto azibalayo ezitholakala enganeni? Shono ezintathu kuphela. | (3) |
| 6.1.11 | Shono ubungani obukhulukazi umbhali akhuluma ngabo. | (2) |
| 6.1.12 | Shono isizathu esisodwa esithandanisa abantu. | (2) |
| 6.1.13 | Umbhali uthi kukhona ubungani bomuntu oyedwa naye uqobo. Yiziphi izinto ezenziwa ngumuntu ongumngani wakhe. Nikeza zibe zintathu kuphela. | (3) |
| | | [15] |
| | NOMA | [30] |
| 6.2 | Hluza le ndaba ethi “UNEMBEZA” Ngaphansi kwalezi zihlokwana | |
| 6.2.1 | isigameko esisodwa. | (10) |
| 6.2.2 | ukuqoqana. | (10) |
| 6.2.3 | abalingiswa. | (10) |
| | | [30] |
| | IMIKLOMELO YESIGABA C: | [30] |
| | IMIKLOMELO ISIYONKE: | [120] |